

UNkk Angie Motshekga.
uNgqongqoshe weMfundo eyiSesekelo.



UMnu Enver Surty.
iSekela loMnyango weMfundo eyiSesekelo.

Lezi zincwadi esizibiza ngeRainbow Workbooks esizenzele ukwamukela laba abancane (beBanga R) ziyingxenye ebalulekile yoMnyango weMfundo Eyisesekelo, ngoba kuhloswe ngazo ukuhlumelelisa ukufunda kwalaba bantwana baseNingizimu Afrika. Uphenyo lusiqinisekisile ukuthi abantwana abaye banikwa ithuba lokufunda ngale ndlela ngaphambi kokuyoqala iBanga loku-1, bafunda kangcono naseminyakeni elandela lapho – emazingeni aphansi kanye nakwamaphakathi. Kungakho kusungulwe lolu hlelo lokufundisa iBanga R ngale ndlela.

Izinto ezifundiswa emaBangeni aPhansi zikhombisa ukuthi kuyadingeka umntwana owenza iBanga R ukuthi anikezwe ithuba lokufunda, lokubhala kanye nelokubala, bese liqhakambisa futhi ukuthi laba bantwana bazodinga ukwenzela isesekelo esiqinile semfundo ukuze kube lula ukufunda uma befika eBangeni loku-1 nangaphezulu.

Lezi zincwadi zeBanga R zenziwe zaba nenjongo yokusiza abantwana ukuthi bakhulise lolu hlobo lwamakhono kanye nezinto zokuqala ezibalulekile empilweni yabo kwezemfundo. Ngaleyo ndlela kwakheka isesekelo esinqala ekufundeni kwabo. Kanti-ke lezi zincwadi ziveza amathuba amaningi okuthi abantwana bakhkule bekujwayele ukusebenzisa amakhono abalungiselela imfundo yasesikoleni elandelayo.

Ngaphambi kokuthi laba bantwana balolongelwe ukufunda badinga ukusizwa bazi kuqala ukuthi incwadi ibanjwa kanjani, aphendulwe kanjani namakhasi ayo. Badinga ukwenziwa baqonde ubuhlobo obukhona phakathi kwamagama nezithombe ezisencwadini, bese beqonda futhi ukuthi amakhasi aqukethe amagama anemisindo nencazelo yalawa magama. Ngakolunye uhlangothi, kumele ngaphambi kokufunda ukubhala, umntwana akwazi ukuthuthukisa intshisekelo yemvelo yakhe yokuhlela kahle izinto, azijwayeze indlela imimo eyakheke ngayo, asuke kulokho azijwayeze ukubumba izinhlamvu. Yiwo-ke amakhono lawa lezi zincwadi ezihlelelwe ukuwathuthukisa ebantwaneni.

Siyazi ukuthi abantwana abakhuli ngomfutho nesivinini esifanayo kuleli Banga lika-R. Lezi zincwadi zihlelelwe ukukwazi ukusiza uthisha ukuthi asebenze ngokubambisana nomntwana esivininini sakhe, kuze kuthi noma kuvela isidingo, ahlehle naye umntwana encwadini, athathelele, bese ebuya naye futhi ehlabela phambili, amthuthukise ngesivinini adaleke ukuthi unothuthuka ngaso. Imisebenzi yokwenziwa kulezi zincwadi iyamelekelela uthisha ukuvundulula izingqinamba anokuhlangabezana nazo umntwana ohambeni lwakhe ngokwemfundo, ukuze lezo zingqinamba zikwazi ukugotshwa zisagobeka kumntwana, angaze aqale imfundo esemthethweni zisekhona.

Lezi zincwadi zididiyela ukufunda, ukubala kanye namakhono, okwethulwa ngezindikimba ezingama-20, ezinezinto zokuzijabulisa ezibahehayo abafundi ukuthi bawunake bawujabulele umsebenzi okuzo. Sinethemba lokuthi abafundi bazokuthokozela ukusebenzisa lezi zincwadi ngenxa yemisebenzi ekuzo ngenkathi bekhula bethuthuka emfundweni. Kanye nokuthi-ke nawe njengothisha wabo, uzozibandakanya kanye nabo kukho konke lokhu.





Rainbow WORKBOOKS

ZULU HOME LANGUAGE
GRADE R - BOOK 1
TERM 1
ISBN 978-1-4315-0692-7

THIS BOOK MAY NOT BE SOLD.



IBanga R
INCWADI I

Igama:

Iklasi:

basic education
Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

INCWADI YESIZULU

Incwadi 1

Ithemu 1

I-Alfabhethi

Aa Bb Cc Dd Ee Ff

Gg Hh Ii Jj Kk

Ll Mm Nn Oo Pp

Qq Rr Ss Tt Uu

Vv Ww Xx Yy Zz

IKHALENDA YEZINSUKU ZOKUZALWA

uJanuwari

uFebhuwari

uMashi

u-Ephreli

uMeyi

uJuni

uJulayi

u-Agasti

womansday

uSepthemba

u-Okthoba

uNovemba

uDisemba

Published by the Department of Basic Education
222 Struben Street
Pretoria
South Africa

© Department of Basic Education
First published in 2011

ISBN 978-1-4315-0692-7

The Department of Basic Education has made every effort to trace copyright holders but if any have been inadvertently overlooked the Department will be pleased to make the necessary arrangements at the first opportunity.

This book may not be sold.

IBanga R

Incwadi

yesiZulu

1	Mayelana nami	2
2	Umzimba wami	12
3	Ukuzigcina uhlanzekile	22
4	Umndeni wami	32
5	Abangane	42





Le ncwadi ngeka:



ISIZULU

Incwadi 1

Ithemu 1

1

Mina

Namathisela izitikha esikhaleni esifanele.



Izinzwa zami:



nambitha



bona



hogela



lalela



thinta



Masikhulume

Buka isithombe ukhulume ngokubonayo.
Kunabantwana abangaki?
Yibaphi abantwana abade?
Yibaphi abantwana abancane?
Benzani?
Yini othanda ukuyenza?
Khomba abantwana abahogelayo nabanambithayo.
Khomba abantwana ababukayo nabalalelayo.
Thola wonke amavemvane.
Faka umbala ezimbalini ezahlukene.





Namathisela izitikha ezindaweni ezifanele. Bese ulandela umugqa ngeminwe yakho uphinde uwulandele nangepensela.

Siza umfana ukuthi athole ibhayisikili lakhe.



Siza intombazane ukuthi ithole ibhola layo.



Landela intambo uze uyofika kukhayithi.



Shayela imoto uye esikoleni ubuye uye ekhaya futhi.







Dedela abafundi balandele imigqa yento abayidwebayo izikhathi ezimbalwa besebenzisa imibala ehlukene, baze bajwayele.





Masenzeni lokhu

Yima ulingise umfana osesithombeni.
Uthanda ukubhala ngasiphi isandla?
Uthanda ukukhahlela ngaluphi unyawo?
Khombisa isandla sokudla.
Khombisa isandla sokunxele.
Shaya ngonyawo lwesokudla phansi.
Shaya ngonyawo lwesokunxele phansi.





ngaphambili

ngemuva





isandla sokunxele



isandla sokudla

unyawo lwesokunxele

unyawo lwesokudla



Bhala

Dweba ulandele ukuma kwesandla sokunxele bese ubala iminwe.



esokunxele



Bese usebenzisa upende ukudweba imigqa emincane eba seminweni.





Bhala Dweba ulandele ukuma kwesandla sakho sokudla bese ubala iminwe.

esokudla

Bese usebenzisa upende ukudweba imigqa emincane eba seminweni.

Bhala Dweba umugqa uqondanise isenzo nezinzwa ozisebenzisayo.







Masenzeni lokhu

Kwenza msindo muni?
Wenze lowo msindo bese uzungelezela izinto ezenza umsindo omkhulu.





















Masibale

Enza amabhuloki anento e-I.
Khwahla kanye njalo uma ubona into e-I.



Zijwayeze lezi zinombolo.



Bhala Landela inombolo. Thola uphinde uzungelezele izinombolo ezingo-1.

	1	5	1	1	2
	2	2	2	2	3
	1	3	2	1	5
	2	4	1	2	4



Bhala Qondanisa izithombe.



2 Umzimba wami



Namathisela izitikha esikhaleni esifanele.



ikhanda

amahlombe

ingalo

isandla

idolo

umlenze

unyawo





Masikhulume

Buka isithombe ukhulume ngokubonayo.
Uyazi ukuthi ikhanda lakho likuphi, amahlombe, amadolo kanye nezinzwane?
Shintshanani nikhombe izingxenye zomzimba, nisho ukuthi ingxenye ngayinye ibizwa ngokuthini.
Yiziphi izingxenye zomzimba ezihamba nga-1?
Yiziphi izingxenye zomzimba ezihamba nga-2?



Bhala Dweba umzimba wakho. Khomba ikhanda, izingalo, imilenze nomzimba.

Bhala igama lakho:





Masenzeni lokhu Khwahla ulandele imisindo esegameni lakho.



Bhala

Sika unamathisele izingalo nemilenze ukuqedela lesi sithombe.
Bese ufaka umbala esithombeni.











Masicule



Ngineminwe emihlanu,
engiyibiza ngamagama.
UThuphazana lo,
son' isidudla sami.
UKhombisile lo,
umthethi wamacala.
UMdanyana lo,
Indod' enhle kakhulu.
UThembisile lo,
umngane wendandatho.
UCikicane lo,
yen' ithemba lami.





Bhala

Dweba izintambo zamabhaluni.
Yiliphi ibhaluni elifushane kunawo wonke?
Yiliphi ibhaluni elide kunawo wonke?







Landela umugqa ngaphandle kokususa ipensela ukuze ufake ifosi kulesi sicathulo.



2.4

Bhala Thola ubuso obuveza isimo esifanayo naleso esisebusweni besithombe sokuqala.







Masenzeni lokhu

Babheke kuphi abantwana?
Ngaphandle kokunyakazisa ikhanda, nyakazisa amehlo ubuke lapho ebuka khona amehlo abo.





Namathisela izitikha esikhaleni esifanele.



Bhala

Namathisela izitikha ezindaweni ezifanele.
Bese ulandela umugqa ngomunwe wakho kanye nangepensela.

Siza umntwana athole ithedi yakhe.



Siza inja ithole ithambo layo.



Siza uMimi athole incwadi yakhe.



Siza umntwana agaqe aye kumama wakhe.





Dedela abafundi balandele imigqa yento abayidwebayo izikhathi ezimbalwa besebenzisa imibala ehlukene, baze bajwayele.

Masenzeni lokhu Enza lokhu okwenziwa yilaba bantwana.

beka izandla esinqeni 	thinta amadolo akho 	thinta unyawo olubhekene nolunye 	thinta ihlombe elibhekene nelinye
phambanisa izingalo 	thinta isisu sakho 	thinta ikhala lakho 	thinta izinzwane 
phakamisa izingalo zombili 	thinta ikhanda lakho 	thinta amahlombe akho 	elula ingalo yakho 



Masibale Zungelezela amabhuloki anezinto ezi-2 kuwo.



Zijwayeze le nombolo.

2 2 2



Bhala Landela inombolo. Thola uzungelezele zonke izinombolo eziwo-2.



2	3	1	2	1
2	1	2	1	3
1	3	2	1	2
2	4	1	2	4



Bhala Faka umbala kwamanye amabhuloki ama-2 emgqeni ngamunye bese ubala ukuthi mangaki amabhuloki afakwe umbala.







3

Ukuzigcina uhlanzekile



Namathisela izitikha esikhaleni esifanele.





















Masikhulume

Buka isithombe ukhulume ngokubonayo.
Khomba umntwana owenza lokhu:

- owasha izandla
- oxubha amazinyo akhe
- owasha izindlebe
- owasha izinwele
- ukugqoka
- ukomisa

Ungalithola idada?

Bhala

Landela umugqa uthole ukuthi laba bantwana benzani ukuze bahlanzeke.

















3.2

Bhala Hlukanisa izinto zephazili ubuye uzibuyisele ezindaweni zazo.



Bhala

Akha leli phazili.



3.4



Bhala Dweba isithombe sento oyenza ukuhlala uhlanzekile.



Bhala

Ungakwazi ukuthola umuthi wamazinyo kulesi sithombe?
Wufake umbala obomvu.
Landela imigqa usho ukuthi zingaki ezinye izinto ozibonayo.



Bhala

Zungelezela isithombe esingahambisani nezinto ezisemgqeni ngamunye.
Chazela umngane ukuthi leso sithombe asihambisani ngani nezinye.











Masibale Bala usho ukuthi zingaki izinto ezikhona ezifanayo ngayinye.



Faka umbala emachashazini ukukhombisa ukuthi mangaki.









Zijwayeze inombolo 3.

3 3 3



Bhala Dweba phezu kwenombolo. Thola uzungelezele zonke izinombolo eziwo-3.

3	2	1	2	1
2	1	3	1	3
1	3	2	1	2
2	1	3	2	3



Bhala Faka umbala koku-3 emgqeni ngamunye.





4

Umndeni wami



Namathisela izitikha esikhaleni esifanele.



Masikhulume

Buka isithombe ukhulume ngokubonayo.
Khomba abantu usho ukuthi bangobani.
Wenzani umuntu ngamunye kulaba abasesithombeni?
Ngubani odlayo?
Ngubani odlalayo?
Ngubani ogeza izitsha?
Khomba bonke abafana esithombeni?
Khomba wonke amantombazane esithombeni?



Bhala

Namathisela izitikha ezindaweni ezifanele.
Bese uhambisa umunwe nepensela phezu komugqa.

Siza intethe ukuthi igxume iye embalini.



Siza igundane lithole ushizi.



Siza umnenke uthole ikhasi.



Siza inhlanzi ithole umsundu.





Dedela abafundi balandele imigqa yento abayidwebayo izikhathi ezimbalwa besebenzisa imibala ehlukene, baze bajwayele.



Bhala Thola uzungelezele izithombe ezifana nezithombe ezisebhokisini lokuqala.





Bhala



Dweba i-apula elibomvu ebhokisini.



Dweba iwolintshi elisawolintshi ebhokisini.



Dweba ibhaluni elisatshani ebhokisini.



Dweba ipeni elisasibhakabhaka ebhokisini.

4.4



Bhala

Thola umumo ofana nalo osebhokisini lokuqala.
Wufake umbala ofanayo.













Bhala Dweba isithombe somndeni wakho bese uchazela umngane ukuthi ngobani ngamunye ngamunye abasesithombeni.





Bhala Thola uzungelezele uhlamvu oluwufeleba egameni lakho.

A B C D E F G H I J K L M

N O P Q R S T U V W X Y Z

4.6



Bhala Dweba phezu komumo bese uwufaka umbala ukuze kuqedeleke iphethini.









Ungakwazi ukwenza elakho iphethini?



Masibale

Bala imimo bese ufaka umbala enanini elifanele lamachashazi.
Bese udweba phezu kwenombolo.













Masibale Bhala uphinde uzungelezele izinto ezifanele.



1	2	3



1	2	3



1	2	3



1	2	3



1	2	3



1	2	3

5

Abangane



Namathisela izitikha esikhaleni esifanele.







Masikhulume

Buka isithombe ukhulume ngokubonayo.
Khomba abantwana abadlala nabangane babo.
Ngonjani umngane othandekayo?
Unaye umngane othandekayo?
Yini ovame ukuyidlala nomngane wakho?
Ngubani odlala ujika?
Ngubani oshununuzayo?
Ngubani osendlini esesihlahleni?
Ngubani ogibela okuthile?
Ngubani ogijimayo?
Ungazenza lezi zinto ezilandelayo?





Faka lesi sithombe umbala.
Kopisha imibala esesithombeni esincane.



Namathisela izitikha esikhaleni esifanele.

Bhala

Namathisela izitikha ezindaweni ezifanele.
Bese uhambisa umunwe nepensela phezu komugqa.

Siza inyosi ithole ihhoko layo.



Siza isele lithole idamu.



Siza inyoni ithole isidleke sayo.



Siza isikebhe sifinyelele esiqhingini.





Dedela abafundi balandele imigqa yento abayidwebayo izikhathi ezimbalwa besebenzisa imibala ehlukene, baze bajwayele.



Zungelezela isithombe esingahambisani nezinto ezisemgqeni ngamunye.
Chazela umngane ukuthi leso sithombe asihambisani ngani nezinye.













Masenzeni lokhu Enza okwenziwa yilaba bantwana.

ukuhlala phansi





ukugxuma

ukudlala ingqathu



ukugijima



ukugcogcoma



ukufasa izicathulo



ukuzigingqa



ukuhamba ngezinyawo



Bhala

Zungelezela isithombe esifana nesithombe sokuqala emgqeni ngamunye.







Bhala

Landela imimo uyifake imibala efana nesezithombeni.







Masenzeni lokhu

Landela amachashazi uthole izingubo abazithandayo bese ufaka amabhaluni imibala ukuze kuqondaniseke.













Masenzeni lokhu

Dweba ulandele amachashazi ukuqedela isithombe bese usifaka umbala. Thola umumo ofanele nesitikha sawo ukunamathisele ukuze isithombe siphelele.

Namathisela izitikha esikhaleni esifanele.



Enza amabhuku agwingcizayo. Goqa imigqa ehlangene bese usika emigqeni engamachashazi.

Izinombolo





kunye



kubili



kuthathu

Izilwane ezingabangane bethu





inja



ikati



inhlanzi

4



kune

5



kuhlanu

6



yisithupha

7



yisikhombisa



intulo



inyoni



ibuzi



indlovu

Masenzeni lokhu Siza igundane lithole ushizi.



Masenzeni lokhu Buka lezi zithombe ezimbili uzungelezele umahluko.





Izinto Engizisikile



Onodoli beminwe:
Khetha isilwane esi-1 ubhale uhlamvu oluwufeleba lwegama lakho eshethini laso. Bese ubhala uhlamvu oluwufeleba lwabangane aba-4 bakho kwamanye amashethi.



Amaphazili ezinombolo:
Sika ulandele imigqa yamachashazi wenze amakhadi asiza ukuqondanisa izinombolo. Bese uqondanisa izithombe nezinombolo ezifanele, kumbe nenani elifanele lamachashazi. Ungayisebenzisa imimo uma kudingeka.

Iphazili:
Sebenzisa ingemuva lezithombe zamadayisi wakhe iphazili. Kuzokusiza ukwakha unqenqema lwangaphandle kuqala.



Umdlalo wokukhumbula:
Sika amakhadi ulandele amachashazi amnyama. Xova amakhadi uwabeke abheke phansi etafuleni. Embula amakhadi amabili ngesikhathi. Uma evumelana wabeke eceleni. Thola ukuthi ngubani okwazi ukwenza lokhu aqede abeke eceleni wonke amakhadi kuqala.
Sebenzisa ikhono lakho lokukhumbula udlale umdlalo wokushaya amakhadi nomngane wakho.



Izilwane zephepha lasendlini encane:
Thola amarolo ephepha lasendlini encane. Wasike abe wonxande bese unamathisela onxande abakhulu ngeglu ukuze kuvaleke amashubhu. Sika amakhanda uwanamathisele kumarolo kwesingenhla. Sebenzisa izitikha zezilwane ukunamathisela ubuso emakhanda ngokuthanda kwakho. Namathisela izingalo, imilenze kanye nemisila esilwaneni ngasinye kumarolo. Dweba noma uzakhele ezakho izilwane nawe.



IZINTO ENGIZISIKILE



Masenzeni lokhu Sika emachashazini ukhiphe ikhasi bese ulinamathisela ngeglu kukhava ngemuva wenze iphakethe.
Gcina lapha izinto ezisikiwe ukuze zingalahleki.

SIKA LAPHA
SIKA LAPHA
SIKA LAPHA
SIKA LAPHA

a b c d e f g h i j k l m n o p q r s t u v w x y z
0 1 2 3 4 5 6 7 8 9 10 11 12 13 14 15 16 17 18 19 20 21 22 23 24 25 26 27 28 29
FOLD
1
2
3
4
5
1
2
3
4
5

GLUE HERE

GLUE HERE

GLUE HERE

GLUE HERE

GLUE HERE

GLUE HERE

GLUE HERE

GLUE HERE

GLUE HERE

GLUE HERE

GLUE HERE



1





2





3





4





5


























GLUE HEAD HERE

GLUE HERE GLUE HERE GLUE HERE



TEDDY BEAR



RABBIT

GLUE HEAD HERE

GLUE HERE GLUE HERE GLUE HERE



STICKERS

3








4





8






13





18





34









23















33







































43



45



50



a	b	c
d	e	f
g	h	i
j	k	l
m	n	o
p	q	r
s	t	u
v	w	x
y	z	a

a	a	l	l
e	e	i	i
o	o	n	n
u	u	t	t

TEDDY BEAR





ARMS





NOSES & MOUTHS





TAILS







EYES



















FACES







ARMS





TAILS





EYES















FACES





RABBIT

